

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies ☺

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za

SA EXAM PAPERS

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2016

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi angama-30.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuba uqale ukuphendula imibuzo.

2. Ungafundi imibuzo yonke yephepha. Qala ubheke uhla lokuqukethwe olukhonjisiwe bese ukhetha imibhalo oyifundile kulo nyaka. Emuva kwalokho, funda imibuzo yaleyo mibhalo bese ukhetha imibuzo ozoyiphendula.

3. Leli phepha LINEZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Izinkondlo	(30)
ISIQEPHU B:	Inoveli/Ubuciko bomlomo	(25)
ISIQEPHU C:	Umdlalo	(25)

4. Phendula imibuzo EMIHLANU isiyonke: ISIQEPHU A: Imibuzo EMITHATHU, ISIQEPHU B: Umbuzo OWODWA, ISIQEPHU C: Umbuzo OWODWA njengoba kukhonjisiwe.

   ISIQEPHU A: IZINKONDLO
   IZINKONDLO EZIMISELWE – Phendula imibuzo EMIBILI.
   INKONDLO ENGAMISELWE – UPHOQELEKILE ukuphendula lo mbuzo.

   ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO
   Phendula umbuzo OWODWA.

   ISIQEPHU C: UMDLALO
   Phendula umbuzo OWODWA.

5. INDLELA YOKUPHENDULA IMIBUZO YESIQEPHU B (INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO) KANYE NEYESIQEPHU C (UMDLALO).

   - Phendula KUPHELA imibuzo yenoveli/ubuciko bomlomo kanye neyomdlalo owufundile.
   - Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omfushane ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omude ESIQESHINI C. Sebenzisa uhla oluyinkomba lokuphendulwa kwemibuzo ukuze lukwelekelele ekukhetheni imibuzo.

6. UBUDE OBULINDELEKILE BEZIMPENDULO

   - Impendulo yombuzo omude ezinkondlweni mayibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.
   - Izimpendulo zemibuzo emide enovelini/ebucikweni bomlomo kanye nasemdlalweni mazibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.
   - Ubude bezimpendulo zemibuzo emifushane buyolekelelwa amamaki anikeziwe okuyiwona ayolawula ohlolwayo ukuthi kumele aphendule kangakanani. Abafundi mabaqaphele ukuthi bangathemelezi kodwa baphendule okubuziwe.

7. Landela ngokucophelela imiyalelo oyinikeziwe ekuqaleni kwaleso naleso siqephu.

8. Qaphela ukuthi izinombolo ozisebenzise ezimpendulweni zakho ziyahambisana nalezo ezisetshenziswe abahlolayo emibuzweni.

9. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

10. Ukusetshenziswa kwesikhathi kungahlelwa ngale ndlela:

    ISIQEPHU A: Imizuzu engama-40
    ISIQEPHU B: Imizuzu engama-55
    ISIQEPHU C: Imizuzu engama-55

11. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

OKUQUKETHWE

Leli khasi liyolekelela abahlolwayo ukuba bakhethe imibuzo abazoyiphendula ngaphandle kokufunda imibuzo yephepha lonke.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO			
Izinkondlo ezimiselwe: Phendula noma ngabe yimiphi imibuzo EMIBILI.			
INOMBOLO YOMBUZO	**UMBUZO**	**AMAMAKI**	**INOMBOLO YEKHASI**
1. 'Ngingumnqobi'	Umbuzo omude	10	6
2. 'Noma sekunje'	Umbuzo omfushane	10	7
3. 'Sasingazange simbone'	Umbuzo omfushane	10	8
4. 'Ngaphansi komthunzi'	Umbuzo omfushane	10	9
KANYE			
Nenkondlo engamiselwe: Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.			
5. 'Iqondephi Intsha?'	Umbuzo omfushane	10	10
QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE. Uma ukhetha ukuphendula umbuzo omude ESIQESHINI B, kufanele uphendule umbuzo omfushane ESIQESHINI C. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI B kanye ESIQESHINI C.			
ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO			
INOVELI: Phendula umbuzo OWODWA kule noveli emiselwe.			
6. *Bengithi Lizokuna*	Umbuzo omude	25	11
7. *Bengithi Lizokuna*	Umbuzo omfushane	25	11
8. *Usumenyezelwe-ke Umcebo*	Umbuzo omude	25	14
9. *Usumenyezelwe-ke Umcebo*	Umbuzo omfushane	25	14
10. *Kunjalo-ke*	Umbuzo omude	25	17
11. *Kunjalo-ke*	Umbuzo omfushane	25	17
NOMA			
UBUCIKO BOMLOMO: Phendula umbuzo OWODWA kolobu buciko bomlomo obumiselwe.			
12. *Uju Lwezizukulwane*	Umbuzo omude	25	20
13. *Uju Lwezizukulwane*	Umbuzo omfushane	25	22
ISIQEPHU C: UMDLALO			
Phendula umbuzo OWODWA kule midlalo emiselwe.			
14. *Kudela Owaziyo*	Umbuzo omude	25	25
15. *Kudela Owaziyo*	Umbuzo omfushane	25	25
16. *Awuwelwa UMngeni*	Umbuzo omude	25	28
17. *Awuwelwa UMngeni*	Umbuzo omfushane	25	28

QAPHELA: Phendula UMBUZO OWODWA OMUDE kanye NOWODWA OMFUSHANE ESIQESHINI B kanye NASESIQESHINI C. Akuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma EMIBILI emfushane.

Uhla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo.

Emuva kokuphendula imibuzo yaleli phepha sebenzisa lolu hla oluyinkomba yokuphendulwa kwemibuzo ukuze ube nesiqiniseko sokuthi uyikhethe ngokufanele imibuzo okulindeleke uyiphendule.

ISIQEPHU	INOMBOLO YEMIBUZO	INANI LEMIBUZO EPHENDULIWE	THIKA
A: Izinkondlo (Ezimiselwe)	1–4	2	
A: Inkondlo (Engamiselwe)	5	1	
B: Inoveli (Umbuzo omude NOMA omfushane)	6–11	1	
B: Ubuciko bomlomo (Umbuzo omude NOMA omfushane)	12–13	1	
C: Umdlalo (Umbuzo omude NOMA omfushane)	14–17	1	

QAPHELA: ESIQESHINI B no C, qinisekisa ukuthi uphendule umbuzo OWODWA OMUDE kanye nombuzo OWODWA OMFUSHANE. Awuvumelekile ukuphendula imibuzo EMIBILI emide noma imibuzo EMIBILI emifushane.

ESIQESHINI B, khetha phakathi kwenoveli nobuciko bomlomo, uphendule UMBUZO OWODWA, ungaphenduli ngazo zombili lezi zinhlobo zemibhalo.

ISIQEPHU A: IZINKONDLO

IZINKONDLO EZIMISELWE

Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena emine ebuziwe elandelayo.

UMBUZO 1 (UMBUZO OMUDE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

NGINGUMNQOBI – NL Luthuli

Ngingumnqobi munt' ongazi.
Nginqob' izinkinga ziza zelakanyana.
Ngesihlangu sam' esinguMfundo
Ngakhand' uphahla lwenkawu,
Ngazivika.

Ngiyingqwele mina munt' ongazi
Ngiphephezel' uphaphe lwegwalagwala
Ngazifojisa kweziny' izingqwele,
Ngaphophothwa zingqwele zakwangqondonkulu,
Abafokazana bakhwec' imisila.

Ngingumvemve mina munt' ongazi.
Ngincel' imibel' egwansile yakoMfundo.
Ngithol' ukwazi izinto ngibe nolwazi
Uma sengincele ngadela
Ngiyobhodla, ngibhonge,
Qede kusizakal' abaningi,
Kwazise ayihlatshwa mvusi.

Ngiyilanda mina munt' ongazi.
Inyon' emhloph' esus' imikhaza
Imikhaza yokungazi ezinkomeni zikaZulu.
'Ze nangomuso kube khon' oSolwazi,
Abanenzululwazi yokwazi izinto,
Bakwaz' ukuphons' umbalane nabo.

Xoxa ngekhono lembongi lokusebenzisa imifanekisomqondo ekugqamiseni umoya oqukethwe yile nkondlo ngokwamabinza. Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama ayi-190 kuya kwangama-240. Ulindeleke ukuthi uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Makuchazwe imifanekisomqondo kanye nomoya wenkondlo.
- Makuphawulwe ngokucaphuna izibonelo zemifanekisomqondo kanye nomoya otholakala enkondlweni.
- Makuveze uvo lwakhe.

[10]

UMBUZO 2 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NOMA SEKUNJE – LF Mathenjwa

1 Ngibon' amakhand' ekhedamisile,
2 Ubuso bembethe usizi nokujabha,
3 Ukushabalala kwamathemba akubuzwa.
4 Imuva kalisabonwa,
5 Ikusasa liluvindi, kuzothiwan' uma kunje?

6 Amathemb' ayizolo ashabalele
7 Izethembiso ziyagxotshwagxotshwa,
8 Isibindi simiswa ngelilodwa,
9 Qhubekani kuzolunga,
10 Umzabalazo awukapheli,
11 Silwela impilo engcono.

12 Njengobani olwa elambile?
13 Njengoban' odukuz' umnyama engaboni?
14 Likhethekile bala emasini,
15 Badansazile kwamakhelwane.
16 Basho ngelilodwa:
17 Qinan' isibindi sekuzolunga.

18 Ngabe ntombi usawakhumbula awakho?
19 Lon' usuku usalwazi na?
20 Kodwa ngingalulibala khona kanye?

21 Mhla sichwaza ngenhlokomo.
22 Inhliziy' ish' ukuphuma ngomlomo.
23 Phinde ngizophila noma sekunje.

2.1 Siyini isizathu sokusetshenziswa kombuzombumbulu ebinzeni loku-1 kule nkondlo? (2)

2.2 Chaza kafushane ithoni equkethwe umugqa we-12 nowe-15. (2)

2.3 Qhathanisa umehluko womqondo oqukethwe umugqa wesi-6 nowama-23 kule nkondlo. (2)

2.4 Ngabe amazwi atholakala emgqeni wama-21 akwelekelele kanjani ekuqondeni kwakho leli binza? Sekela impendulo yakho. (2)

2.5 Phawula ngokusetshenziswa kwesifenqo esiwumbhinqo esiqukethwe umugqa we-10. (2)
[10]

UMBUZO 3 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

SASINGAZANGE SIMBONE – SZB Muthwa

Nguye-ke lona,
Esasimuzwa ngendaba,
Sifunda ngay' emaphepheni,
Singakholwa noma sebesho,
Selokhu sazalwa sakhul' siyalwa.
Ulw' eyokuthula neyokulingana.

Sasizitshela sizikhohlisa,
Ukuthi uyoth' angaphuma
Asifumbathis' umbayimbayi
Asigxish' inzondo negqubu,
Ngob' egqunyiwe wagqilazwa.
Cha, akubanga njalo.

Wasinik' udondolo sadondolozela,
Injobo wayithungel' ebandla.
Wasixhawulis' ukukhanya,
Waselul' imizimba,
Eyabe iwugogo uvalo
Ngokudans' iMadiba *Jive*.

Sakuzwa lokho kwesasa.
Wadum' uhlezi ungeyen' okaMenzi.
Wathandwa umhlaba wonke,
Wathanda umhlaba wonkana,
Ngoba uleth' ukuthula,
Ngoba uleth' intethelelo.

Waphuma wafana nenyanga,
Inyang' exosh' ubumnyama,
Yavuleka gengelez' iminyango
Kwaqhibuk' iBafana Bafana,
Kwaqhakaz' aMabhokobhoko,
Sawela sayoligenda phesheya

Okwayizolo kwab' okwayizolo,
Wasikhomb' emasangwen' emfundo,
Ezomzabalazo zaphenduk' amakhuba,
Ngoba ebumb' isizwe.

Ume njalo wena wakoMandela!
Ume njalo wena wakoMadiba!
Ume njalo nqaba ye-Afrika!
Ethe inganqoba yadl' umhlanganiso,
Yawelela pheshey' iyobaqaqela khona,
Angeke silibale ngeCodesa,
Angeke silibal' umjayivo wakho,
Othi ungawudansa,
Kugid' inhliziyo,
Kwenanele nawokhokho,
Bebon' abangazange bakubone.

3.1 Shono ukuthi hlobo luni lwenkondlo lolu bese unikeza nesizathu sempendulo yakho. (2)

3.2 Yikuphi okungumehluko ngokomqondo oqukethwe ibinza lesi-2 nelesi-3? (2)

3.3 Ucabanga ukuthi wawuzoba njani umphumela ukube uMadiba akazange akwenze lokhu okuqukethwe umqondo womugqa odwetshelwe? Sekela impendulo yakho. (2)

3.4 Chaza ngokusetshenziswa kwesenzukuthi esitholakala ebinzeni lesi-5. (2)

3.5 Ake uncome ukusetshenziswa kokuxhumana-maphakathi emgqeni wama-40 kuya kowama-41. (2)
[10]

UMBUZO 4 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

NGAPHANSI KOMTHUNZI – P Ngubo

1 Ungilondile ngalondeka ngathokoza,
2 Ngahlala ngenaba ngamamfuza nganwampel' izangqondo,
3 Izindebe zehla amafutha zaba bushelelezi,
4 Iso labona nokungabonwa sangoma nampholofithi,
5 Ingqondo yaphakama yangangezulu,
6 Yajula yathokoza ngahalalisa kuSomaqhinga,
7 Ngayindab' ezweni ngingumuntu odlal' amakhubalo-
8 Amakhubal' engawathol' enyangeni yakwaNgqondonkulu.
9 Ngininik' uphaphe lwendlondlo Sonane noMaMtimande omkhulu,
10 Ngokunginika ithuba ngisike kwelinonile.
11 Ngiphakamisa nobabili ngokungemulisa ngisik' insonyama.
12 Lezi zenz' enangipha zona naningihlomisa;
13 Noma kunini ngithokozel' ukungadlali Ndiya naBhunu.
14 Lesi sibani kasicimi nom' izivunguvungu zihlasela.

4.1 Tomula ukuxhumana okutholakala kule nkondlo bese usho uhlobo lwakho. (2)

4.2 Beka ngokufingqiwe indikimba equkethwe yile nkondlo. (2)

4.3 Humusha ukusetshenziswa kwezinhlanga ezahlukene emgqeni we-13 ubhekise emqondweni wale nkondlo. (2)

4.4 Kungani imbongi isebenzise isifengqo esiyihaba esitholakala emgqeni wesi-5? (2)

4.5 Hlaziya ubuciko bembongi bokukhetha igama 'isibani' kule nkondlo. (2)
[10]

KANYE

INKONDLO ENGAMISELWE (Uphoqelekile ukuphendula lo mbuzo.)

UMBUZO 5 (UMBUZO OMFUSHANE)

Fundisisa le nkondlo bese uphendula umbuzo olandelayo.

IQONDEPHI INTSHA? – MM Mathabela

Nantuy' uquqaba lwamabhungu namatshitshi kaZulu,
Nali iqholo nokuzazisa kukaZulu.
Nant' ithemba nengomuso lakithi lifiphala;
Izingane zakho zibhuza ngaphandle kwesibaya
Kuhle okwezimvu zintula umelusi.

Nantiy' iqembu lihay' izingoma zokubhina,
Kungabe umnyombo walokh' uphina?
Nempela basho ngesikhul' isankahlu lesi,
Kanti babamb' umkhonto ngasekudleni
Nasempini ikhohlisana ihlomile Zulu.

Ntsha kaZulu zinza ucabangisise,
Kungabe wenzela ukwenelisa ithumbu
Noma wenzela ukwenelisa ingqondo?
Mus' ukuthatha inhlonipho uyibeke ethala,
Fund' ubekezele uyeke ukuphendulela izinto.

Ngitshele-ke mbhiyozindini
Iphi imbuyiselo yokubhiyoza kwakho?
Usuzilulazile wakhombis' ubuluhlaza,
Shintsha ithuba lisekhona, funa uzisole.

Baholi bentsha kaZulu nithuleleni?
Nasi isizwe siphuphutheka!
Masifundeni ukuzibamba,
Singabi yinhlekisa kweziny' izinhlanga;
Vuka munt' oNsundu, ungaluthwa ubala.

5.1 Caphuna isifengqo esiyisifaniso esitholakala ebinzeni loku-1 bese unikeza nomqondo oqukethwe yisona ngokwaleli binza. (2)

5.2 Fingqa umyalezo oqukethwe yile nkondlo. (2)

5.3 Iyini inhloso yembongi ngokusebenzisa imvumelwano maphakathi ebinzeni lesi-2? (2)

5.4 Ucabanga ukuthi sizathu sini esenza imbongi iphindaphinde igama 'likaZulu' kule nkondlo? (2)

5.5 Hlaziya ngokuhlolisisa ukusetshenziswa kophawu lokubabaza emgqeni wama-21. (2)
[10]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: INOVELI/UBUCIKO BOMLOMO

Khetha uhlobo OLULODWA lombhalo phakathi KWENOVELI NOBUCIKO BOMLOMO, uphendule ngokulandela imiyalelo engezansi.

INOVELI

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 6 (UMBUZO OMUDE)

BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya

Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni umoya kanye nengwijikhwebu ubhekise ezingxenyeni ezithile zale noveli ethi: *Bengithi Lizokuna.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umoya kanye nengwijikhwebu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngekhono lombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekwethuleni umoya kanye nengwijikhwebu. **[25]**

UMBUZO 7 (UMBUZO OMFUSHANE)

BENGITHI LIZOKUNA – NG Sibiya

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA A

'Kunjani *baby*?' ebuza uMahlengi ngamahlonyana engazi ukuthi ulwandle lunjani emva kwengxabano yayizolo.

'Ngiyaphila, unjani wena?' kubuza uMahlengi ngezwi elisivivi nje elingakhombisi kujabula okutheni noma ukuphatheka kabi. Kwake kwamdidizelisa lokhu uNdumiso akaze azi ukuthi uzoqhubeka athini, kakhulukazi ngoba nentokazi nayo yayithule nje sengathi ithi, 'khuluma phela ngoba nguwena ongishayele ucingo.'

'Ngikukhumbule. Ngicela ukufika ngizokubona.'

'Uqale nini ukucela ukuzongibona ngoba uma ungikhumbule ngempela ngiye ngibone ngawe usutheleka nje?' ebuza ngokumangala uMahlengi. Wehluleka ukuphendula uNdumiso, kwamcacela nje ukuthi kufanele akhulume ngokuwakhetha amazwi akhe ngoba sengathi ucushiwe impela lapha. Kazi yini lena esiyenze isithandwa sakhe samshintshela ngomzuzwane nje bakithi? Kungenzeka ngempela yini madoda ukuthi …?

Lwamqala phansi uvalo lwamuthi thwansu, nesikhwele savukuzeka manje. Wezwakala enxapha yedwa ngenkathi eqonda endlini emva kokuba bevalelisane ngaleyo ndlela nje engenamdlandla otheni benoMahlengi, ehamba eqanganisa ngosizi olumenza angabi namali.

'Nx, ngizoyithathaphi kodwa imali madoda ngivele ngimlobole kusashisa nje uMahlengi angaze angiphunyuke ngisale ngincela izithupha?' ebalisa ngenhliziyo bakithi, sekumcacela nje ukuthi into ezomkhulula wukuthola imali ngokukhulu ukushesha lokhu ukuze aphephe kule ngebhe esisho ukumbulala nya. Yayisambulala nangenkathi eqethuke phezu kombhede ebambelele esiphundu elwa nesu lokuthola imali.

7.1 Nikeza izizathu EZIMBILI ezabe zenza umlingiswa onguNdumiso ehluleke ukuqhubeka nenkulumo yakhe nomlingiswa onguMahlengi ngokwalesi siqeshana. (2)

7.2 Chaza kafushane ngodweshu lwangaphakathi olutholakala kulesi siqeshana. (2)

7.3 Amazwi kaMahlengi adwetshelwe kulesi siqeshana amveza njengomlingswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

7.4 Mcabango muni ofika kuwena ngesigameko sokushaya ucingo kukaNdumiso eshayela uMahlengi okutholakala kulesi siqeshana? (2)

7.5 Ake uncome ikhono lombhali lokuqamba isihloko sale noveli ukugqamisa indikimba yaso. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA B

Wangena enyonyoba ekamelweni. Nebala wayengalele uLungile, ehleli phezu kombhede egqolozele emnyango.

'Sawubona bandla,' ebingelela ngamahloni.
'Yebo,' evumela phansi.
'Kawulele bandla?' ebuza eshalaza.
'Bengingalala kanjani ungafikile ngingazi noma kunengozi ekuvelele yini? Phela mina nginendaba nawe. Kangifani nawe ovele ...' Acinaniswe wukucasuka, ehluleke ukuqhubeka nenkulumo.
'Awu s'thandwa, ngicela idlule leyo,' encenga ngelidabukisayo. Anikine ikhanda uLungile, asukume embhedeni.
'Uzodla?'
'Ngiyabonga. Ngidlile,' esho ebakaza.
'Bala-ke mame, inkulu indaba. Uqale nini manje ukungadli uma kade uhambe ngomsebenzi?' ebuza ehwaqa.

Wakhetha ukuwuthunga umlomo wakhe uXolani, waqhubeka nokukhumula izimpahla zakhe ngenjongo yokusheshe azishutheke ezingutsheni alale, aphumule yindaba yokubaliselwa nguLungile.
'Utheni ngenkathi ngikubuza indaba yokuphuza?'
Nya.
'Hhayi-ke, awusakwazi nokukhuluma manje,' ehleka kancane ngokubhuqa. Aqhubeke nokuzivalela umlomo wakhe umntakaMpanza.
'Unuka nane-Red Door,' esho ehwaqa.
'IRed Door?' ebakaza ezihogela. Nebala liyezwakala iphunga lesiqholo sabesifazane. Kusho ukuthi ngenkathi bebambene behagana noMahlengi ...
'Ngisaphinde ngiyabuza Xolani. Usuqonyiwe yini?'
'Ngingayenza kanjani into enjalo?'
Kangazi s'thandwa sami. Into nje, hhayi, uyangixaka namuhla, kusho uLungile enikina ikhanda egqolozela umyeni wakhe ezinhlamvini zamehlo. Waphinde washalaza bandla uXolani, akaze azi nokuthi uzowathathaphi amazwi okubhula lobu buhanguhangu bomlilo osusho ukumgojela.

7.6 Yiziphi izinto EZIMBILI ezikulesi siqeshana ezaziyinkomba yesimo senhlalo sokungaphilisani kahle kwabalingiswa abanguLungile noXolani? (2)

7.7 Chaza kafushane ngomoya kaLungile ngesikhathi elinde uXolani bezoya emcimbini kanye nangenkathi ayelinde uXolani ngesikhathi uXolani ayezikhiphe ngawo noMahlengi. (4)

7.8 Chaza ingwijikhwebu etholakala esiphethweni sothando lukaNontobeko noNkululeko. (3)

7.9 Ucabanga ukuthi kungani umbhali enze umlingiswa onguShezi ashiye oNgidi esangweni lefulethi likaMahlengi? Sekela impendulo yakho. (3)

7.10 Ngokubona kwakho ngabe umbhali wale noveli uphumelele yini ukubhala ngobunkonkoni? Sekela impendulo yakho. (2)
[25]

UMBUZO 8 (UMBUZO OMUDE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni umoya kanye nengwijikhwebu ubhekise ezingxenyeni ezithile zale noveli ethi: *Usumenyezelwe-ke Umcebo.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umoya kanye nengwijikhwebu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngekhono lombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekwethuleni umoya kanye nengwijikhwebu. **[25]**

UMBUZO 9 (UMBUZO OMFUSHANE)

***USUMENYEZELWE-KE UMCEBO* – MJ Mngadi**

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA C

'Nx, Silima! Musa ukulibala wukusakaza umbombo! Iphi imali? HHawu, sengingaze ngibanjwe, ngilahlekelwe nawumsebenzi, kulambe abantabami ngithi ngiyakuzamela muntu wakithi.'

'Ilapha ekhukhwini phoyisa. Angikwazi ukuyikhipha ngisekozankosi. Sesikhona njalo eshantshi eKhingilesi?'

'Sikhona impela eshantshi enkulu. Nawe ibheyili yakho uzoyikhokha etsheni likaPanday.' Washo emkhuthuza uJerome. Wayithola, wayishaqa yonke wayifaka ekhukhwini. 'Awuzwe-ke, uma sithi chama, ubochama uketshezi oluyigolide eligeleza kanje. Ungasitsheli indaba yomchamo onenyongo.' Wedlulela nakwamanye amakhukhu wawakhuthuza, wathola amarandi ayishumi. Wawashiya wathi, 'Lena eyebhasi ozobuyela ngayo emuva.' Wabonga khona lokho uGenyeza. Uyabona-ke, ngizokwenza kanje. Ngizokudedela, ngifike laphaya eshantshi ngithi angikutholanga ngoba kuthiwa sewashiya emsebenzini, awaziwa nokuthi washonaphi.

Wena-ke ungalinge uvele khona uyompompa ngoba uyotholana nabanye abayovele bakugqume phakathi. Siyezwana?

'Ngiyezwa baba wami. Ngiyezwa Nkosi yami.' Egedezela ehlahle amehlo.

'Uma wenza umathanda, nawe uyozibonela. Umdala uyindoda.' Wakhipa izikhiye wabaqaqa ozankosi, wamkhulula esamkhombe ngaso isibhamu. Ngisho usufika kumlungu wakho ungayithi vu le ndaba ngoba uzosuke ashayele esiteshini ethi uyakusiza kanti uyakushisela. Siyezwana?'

'Ngiyezwa baba wami.'

UJerome wayemenqena uGenyeza. Wahlehla njalo esamkhombe ngaso isibhamu waze wafika emotweni. Wakhipha umshiza nemvubu wakujika phansi. Wangena wayiphendula wayibhekisa ngalapho yayivele ngakhona, yanyamalala esimobeni.

9.1 Nikeza OKUBILI athi umlingiswa onguJerome kwakuzokwenzeka kuyena uma kwakungenzeka abanjwe ngokwalesi siqeshana. (2)

9.2 Chaza kafushane ngodweshu lwangaphandle olutholakala kulesi siqeshana. (2)

9.3 Amazwi kaJerome adwetshelwe kulesi siqeshana amveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

9.4 Mcabango muni ofika kuwena ngesigameko sokulethwa kukaGenyeza endaweni ayeyibiza ngeshantshi laseKhingilisi umlingiswa onguJerome kulesi siqeshana? Sekela impendulo yakho. (2)

9.5 Ake uncome ikhono lombhali lokuqamba isihloko sale noveli ukugqamisa indikimba yaso. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA D

Nempela ngoMgqibelo lisanda kuthi chaphasha ezintabeni, wagaleleka ngayo ekhaya uNomvula, ezishayelela nokusho. Abawakholwanga amehlo. Ngabe uNomvula impela lona owahamba lapha ekhaya engakwazi ngisho ukugibela ibhayisikili lodwa leli osebuya namuhla ezishayelela imoto, efake izibuko zelanga? UMaMthimkhulu, ekhumbula indaba kaMahuzu, wamvukela futhi ugovana, weswela ukuthi umshaya kanjani ngomkhonto wangaphakathi afe ujuqu engakayidaluli eyobugebengu bendodana.

Yagezwa imoto yamanyazela, basho phakathi oMeyili noMaNdelu, wayishaya kancane uNomvula iqonde edolobheni, phakathi kusho opholile umculo. Edolobheni wehla waqholosha uMeyili, kwayexoxa nabo wagqamisa ubugwili babo. UNomvula wodumo lwamaphephandaba wangungwa.

'Nami ngaze ngajabula namhlanje ukunibona,' kusho uMaSikhakhane eziveza nakuMaNdelu ukuthi uyena owayethumele isigijimi. ONomvula nonina babonga banconcoza, banikezelana ngaye bemanga.

Oyise nonina wabanika imali bathenga bakhithiza. Wangena esitolo noMaSikhakhane, naye wamkhithizela impahla. Kwamthokozisa uyise ukwenza kwendodakazi, wakhipha nezimbuzi zokuhlabisa abakhwenyana.

Emini yantambama yatheleka ibhasana nababezokwembesa.
Kwahlatshwa, kwembeswa, kwakuhle kwanjeya. Banikezwa nosuku lomshado, inqobo nje uma sebekhiphe ezihambayo. Ulimi oluhle lwabakhongi lwazibonakalisa nangokuba bazizuzele ubungani noDininja abamshaya ngasese ngemfalakahlane yamakhulu amarandi, nangebhodlela lobushisayo. Umsebenzi waze wonakala emaphethelweni eseshayashayile uMeyili. Wavuka umbhejazane ethi amafa akwabo awakhishwe ebhangi azokwethulwa emsamo. Wabanjiswa udonga, oNomvula baphindela eThekwini.

9.6 Yiziphi izinto EZIMBILI ezikulesi siqeshana ezaziyinkomba yesimo senhlalo sokuphilisana kahle kulesi siqeshana? Bhekisa impendulo yakho kokwenzeka edolobheni. (2)

9.7 Chaza kafushane ngomoya kaMaHadebe ngesikhathi ebona uNomvula eshayela imoto nangenkathi uMaHadebe ayehambele ngayo umshado kaNomvula noGenyeza eThusini. (4)

9.8 Chaza ingwijikhwebu etholakala esiphethweni somshado kaNomvula noChule. (3)

9.9 Ucabanga ukuthi kungani umbhali enze umlingiswa ongumdayisi wezimoto akhulume ngale ndlela akhulume ngayo ngesikhathi oNomvula noGenyeza beyobuka izimoto egalaji? (3)

9.10 Phawula ngokuhlolisisa ikhono lombhali lokuqamba abalingiswa kule noveli. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguSonosemali. (2)
[25]

UMBUZO 10 (UMBUZO OMUDE)

KUNJALO-KE – ME Wanda

Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni umoya kanye nengwijikhwebu ubhekise ezingxenyeni ezithile zale noveli ethi: *Kunjalo-ke.*

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umoya kanye nengwijikhwebu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngekhono lombhali, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekwethuleni umoya kanye nengwijikhwebu. **[25]**

UMBUZO 11 (UMBUZO OMFUSHANE)

KUNJALO-KE – MJ Wanda

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA E

UDumazile wazithola esehlezi ezweni lemicabango; imicabango eyindida engqondweni yakhe.

'Kanti mina ngenza iphutha yini ukwenzela uthisha itiye? Angithi nabanye abafundi bayathunywa nje ezitolo kodwa bangakhishwa inyumbazane, pho mina? Bangathini abazali bami uma bengase bezwe le nkulumo eshiwo womemu ngami? Ngizomtshela uthisha uMoloi. Futhi ngifuna lolu daba luhambe luze lufike kuthishomkhulu. Bazongitshela kahle labo memu ukuthi ngelikabani leli gama abalihudulela phansi kanjena.' UDumazile wathuka esehlekwa ngabafundi. Babembona esendwazile nje sengathi kade entongela. Uthisha wabakhuza, bathula. Baqhubeka-ke nokufunda.

Kwathi ngenhlabakhefu, uDumazile wathatha izincwadi zakhe wakhala wemuka. Endleleni wayehambisa okohlanya. Imicabango yayifika igqibelana.

'Akekho phela umuntu ongabekezelela into enjena. Ubhecwe ngobubende inyama ungayidlanga! Ngeke! Kodwa bona bazongitshela kahle ukuthi ngelikabani leli gama abalihudulela phansi kanjena! Ukube lo gogo engihlala kwakhe akayena uphoshozwayo, bengizomtshela le nto. Ngizokwenza njani pho? Ngihlale nale nto ilokhu iyisilungulela enhliziyweni? Cha ngeke! Okungcono angivuke kakhulu kusasa ngiyobikela uthisha uMoloi. Ehhe, kungcono ngenze njalo.'

Wahamba njalo uDumazile waze wafika lapho eqashe khona.

'Washesha wabuya namhlanjena mntanomntanami, kwenzenjani?'
'Akukho lutho gogo, wukuthi ngijahe ukuzowasha.' Avule endlini yakhe uDumazile. Angene, avale, azishutheke engutsheni, ziye amasolokohlo. Waphaphama sekuhwalele, nokho wabuye waqhubeka nokulala. Ukusa kwabonwa nguyena UDumazile.

11.1 Nikeza izinyathelo EZIMBILI ezitholakala kulesi siqeshana ezazizothathwa umlingiswa onguDumazile ngokuhudulelwa kwegama lakhe phansi ngokwalesi siqeshana. (2)

11.2 Chaza kafushane ngodweshu lwangaphakathi olutholakala kulesi siqeshana. (2)

11.3 Amazwi omlingiswa onguDumazile adwetshelwe kulesi siqeshana amveza njengomlingiswa onjani? Sekela impendulo yakho. (2)

11.4 Mcabango muni ofika kuwena ngesigameko somlingiswa onguDumazile sokweqa esikoleni emva kokuba ezwe oMemu bemhleba? (2)

11.5 Ake uncome ikhono lombhali lokuqamba isihloko sale noveli ukugqamisa indikimba yayo. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana senoveli bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA F

Ngakusasa uDumazile wahlangana noMtalaselwa esibhedlela ngesikhathi senhlabakhefu. Bathathana besalula izinyawo nje. Babehamba bezixoxela baze bafika endaweni yokuphumula ngaphansi kwemithi.

'Uhambe kanjani ekhaya mntakwethu?' kubuza uMtalaselwa.

'Ngihambe kahle *sweetheart*, wena?'

'Nami ngihambe kahle. Ngibatshelile ukuthi ngizothumela abakhongi ekupheleni kwenyanga. Hhayi ayibanga khona inkinga,' Bazihlalela kamnandi ngaphansi kwemithi kwaze kwashaya isikhathi sokubuyela emsebenzini. Balulangazelela-ke lolo suku lokuphela kwenyanga.

Zahamba izinsuku lwafika usuku olwabe lulindelwe. Abakhongi batheleka ngesikhathi senhlazane emagcekeni akwaKheswa eMzimkhulu. Bakhuleka, bawathamunda amabheka sebengaphakathi. UKheswa wathumela ukuba kubizwe amantombazane onke ukuze abakhongi bakhombe okuyiyona abazoyilobola. Nempela afika amantombazane, ahlala phansi ngasesinini sawomame. Abakhongi bamkhomba-ke umakoti wabo ngendlela yakhona. Amantombazane asukuma, aphuma futhi. Umfowabo kaKheswa wabatshela-ke abakhongi ukuthi isibizo selobolo siyimalini. Bajabula banconcoza abakhongi ukuthola umtitilizo kamazitapele onjena. Bayikhipha-ke imali beyibhacaza esicephini. Kwathi bangaqeda abakhongi, abakwaKheswa bayiqoqa yonke imali bayikhweza. Kwakikiza omame kwakuhle kwanjeyaya.

Abakhongi babona kufanele ukuba balisebenzise leli thuba ukuba baxoxisane nabalingani babo ngosuku lomshado. Bavumelana ngokuthi kufanele kudlule amasonto amabili bese behlangana kumfundisi ababhale. Bathi umshado omkhulu uyobuye ulandele. Babonga. Kwakhishwa okuya ngasethunjini bathi choko choko nje basheshe bayeka. Basukuma, bavalelisa, baphuma.

11.6 Yiziphi izinto EZIMBILI ezikulesi siqeshana ezaziyinkomba yesimo senhlalo sokuphilisana kahle? Bhekisa impendulo yakho kokwenzeka esibhedlela. (2)

11.7 Chaza kafushane ngomoya otholakala ngesikhathi sokufika kwabakhongi eMzimkhuli nangenkathi kudilike uMzimkhulu uzophelezela indodakazi kaKheswa. (4)

11.8 Chaza ingwijikhwebu etholakala esiphethweni somshado kaDumazile noMtalaselwa. (3)

11.9 Ucabanga ukuthi kungani umbhali enze umlingiswa onguthishanhloko uMzobe akhulume ngale ndlela akhulume ngayo ngesikhathi kufike umemu Mpungose noMisi Hlophe ehhovisini ukuzobika ukuthi uDumazile ukhulelwe? (3)

11.10 Phawula ngokuhlolisisa ikhono lombhali lokuqamba abalingiswa kule noveli. Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguZitike. (2)
[25]

UBUCIKO BOMLOMO

UJU LWEZIZUKULWANE – KL Makhoba

Phendula umbuzo OWODWA.

UMBUZO 12 (UMBUZO OMUDE)

Phawula ngempumelelo yombhali/yembongi ekwethuleni umoya kanye nengwijikhwebu ubhekise ezingxenyeni ezithile zalobu buciko bomlomo obuthi inkinga yeselesele kanye nezibongo zeNkosi u-Albert Luthuli.

Impendulo yakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390 sekuhlangene impedulo yenganekwane nezibongo. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kulokhu okulandelayo:

- Ukwethula nokuchaza umoya kanye nengwijikhwebu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali/yembongi, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho nempumelelo yombhali ekwethuleni umoya kanye nengwijikhwebu.

QAPHELA: Lobu buciko obubhalwe ngezansi bucashuniwe. Ohlolwayo kulindeleke ukuba impendulo yakhe ibe mayelana nomoya kanye nengwijikhwebu enganekwaneni yonke kanye nasezibongweni zonke.

INGANEKWANE: 'INKINGA YESELESELE'

ISIQESHANA G

Umxoxi: Kwesukasukela
Abalaleli: Cosu

Ezweni elithile lezilwane, amakhosi ayebhidlangile ezindaweni zawo efuna intela izinyanga zonke. Ehlathini, ibhubesi lalithi ngilapha, lifuna intela ezilwaneni. Ekujuleni kwamanzi, inyoka enkulu inkanyamba yayithi ngilapha, ifuna intela yayo kuyo yonke into esemanzini.

Isele njengesilwane esihlala emhlabeni nasemanzini lazithola lisenkingeni kula makhosi amabili. Isele lakhononda kabi ngoba lona kwakufanele liwakhokhele womabili lamakhosi. Lalingakujabuleli lokho. Lathi lisazigxumela kahle ngelinye ilanga lehlwaya izimpukane, lahlangana nendlovu, induna yenkosi uBhubesi. 'Ungabe usuyikhokhile yini intela ugxumagxuma emhlabeni weBhubesi nje?' Kubuza indlovu. Isele lethuka lahlahla amehlo laze lawaqhunsula ngaphandle. 'Khuluma ngingaze ngikugxobe ngonyawokazi lwami,' yamemeza ngolaka indlovu.

Lathuthumela isele laphendula, 'Wena wakomkhulu, isikhwama semali ngisilibale emanzini.' Lathula, lagwinya amathe labuya laqhubeka lathi, 'Okunye ukuthi besengiyikhokhile intela yenkosi yami uNkanyamba, inyoka yamanzi. Imali ngiyinike ingwenya, induna yenkosi yamanzi.'

Yathi ikuzwa lokhu indlovu yacobeka amandla yajokola, yahamba. Ntambama isele lalizintwezela kamnandi emanzini apholile. Lalintweza lize lilale nangomhlane. Amanzi ayelokhu ethi ntwe uma lishwiza leneme. Lathi lingazelele lethuka selizithela engwenyeni.

KANYE

IZIBONGO: 'IZIBONGO ZENKOSI U-ALBERT LUTHULI'

ISIQESHANA H

1	INgqungqul' eshay' amaphiko phezu komvoti,
2	Kwanyakaz' abamhloph' abelungu,
3	Kwathi i-American Board
4	Yamthwesa isicoco.
5	Abelungu bakufundisa ulim' lwenkomo kaHaga
6	Kant' uzobaphendukela eziswini njengotshwala.
7	Umkhombi wendlela ayikhathule,
8	Umhambi wendlela ayikhombile.
9	Ongagcinanga ngokuyikhomb' inkululeko,
10	Kodwa wayifaka wayitshikitshela,
11	Wayifaka esikoleni,
12	Wayifaka esontweni
13	Indlela yenkululeko.
14	Ngiyasesaba isibindi sakho weMandlanduna!
15	Ndlovu kayibhekeki.
16	Ndlovu edel' ukubusa
17	Yaqoma ukuhlupheka.
18	Indlovu ethe iwela ibheke kwaBulawayo
19	Babeyixokozelela abasekhaya,
20	Indlovu ethe iwela ibheke koNoweyi,
21	Babeyihlanganisela abasezitheni.
22	Nanamhlanje basakhexile ngeNobel Peace Prize.
23	Mqali wezindlela ezenyukelayo,
24	Mqambi wezindlel' eziya ku-1994,
25	Uyibekile induku ebandla,
26	Wabashaya engeqiwa ntwal' abamhlophe,
27	Mandlanduna awuseyikubhubha.
28	INkosi evivise ngepensela,
29	Abelungu bevivisa ngemijojantaba.
30	Wabengul' inkung' abakithi,
31	Kwath' abeLumbi wabagez 'ubebebe,
32	Sewungenisile mfo kaMvumbi
33	Zaziyishumi kuZibandlela 1961,
34	Bekwethwesa imyezane yokuthula,
35	Kwamangala umhlaba wonke,
36	Awusalweli uKhongolose kuphela,
37	Awusalweli ama-Afrika kuphela,
38	Sewulwela umhlaba wonke.
39	Uyingqwayingqwayi, uyingqonyela!

[25]

UMBUZO 13 (UMBUZO OMFUSHANE)

IZINGANEKWANE: 'INKOSI YEZINYONI'

Fundisisa lesi siqeshana senganekwane bese uphendula imibuzo elandelayo ngezansi.

ISIQESHANA I

Ibhubesi lalisanda kubekwa njengenkosi yasehlathini. Izilwane eziningi zazijabulile kodwa kwavela ukungeneliseki nokukhononda ezinyonini ngoba zithi ibhubesi alazi lutho ngezinkinga ezibhekene nezilwane ezindizayo.

'Singabuswa kanjani yinkosi engazi izidingo zethu thina nesindizayo?' sezwakala sikhononda isikhova.

UMdali wathi uma ezwa ukukhala kwezinyoni wakhipha isimemezelo sokuthi ufuna zonke izinyoni zindizele phezulu esibhakabhakeni ukuze kubekwe inkosi yezinyoni. Ngenjabulo enkulu, zahlangana-ke izinyoni ukuze zindize futhi zisuke kanye kanye zilibhekise kuMdali. Kwase kucacile ukuthi ubukhosi ngeke zibuthole ngokwesatshwa ngezinye izinyoni njengoba kwenzeka ebhubesini. Ngokwalo mhlangano, ubukhosi babuzotholwa yinyoni ezondiza, iphume phambili ishiye ezinye. Kwakulula kanjalo ngoba inyoni ezondiza ifike phezulu kakhulu, yiyona eyayizoba yinkosi. Yayingekho eminye imigomo ebekiwe.

Waqala-ke umjaho seziphelele zonke izinyoni. Qhude manikiniki! Ezidume ngokuba nejubane zabonakala ngokuziqhenya. Enye inyoni eyayibhekwe ngabomvu yihobhe.

Libonakala kahle ihobhe uma lindiza lizihambela lodwa. Lindiza lishiye unyazi ligcine ngokunyamalala emehlweni.

'Ubukhosi lobu ngobami,' washo ungcede ebuka ezinye izinyoni ezihlekela.

'Kubukeka kusahlaya ukuthi usigaqele kabi lesi sikhundla ngcede. Uzazi kahle ukuthi awukwazi ukundiza,' laphendula iqola.

Walala ephenduka ungcede ecabanga amazwi eqola. Wabheka zonke izinyoni ezazingenela umncintiswano. Wabona kungumathebethebane ozokudla umhlanganiso.

13.1 Hlobo luni lwenganekwane lolu? (1)

13.2 Yisho umklomelo owawuzotholwa inyoni endize yazishiya zonke ezinye yafinyelela phezulu esibhakabhakeni. (2)

13.3 Chaza kafushane udweshu lwangaphakathi olwalukhungethe umlingiswa ongungcede kulesi siqeshana. (3)

13.4 Chaza ingwijikhwebu etholakala kule nganekwane. (2)

13.5 Nika isaga esinembayo osaziyo useyamanise nomyalezo wale nganekwane. (4)

13.6 Phawula ngokuhlolisisa ikhono lombhali mayelana nobunganeko bale nganekwane. (3)

KANYE

IZINKONDLO ZOMDABU

Funda 'Izibongo zeNkosi u-Dkt Sibongile Zungu' bese uphendula uphendula imibuzo ezolandela ngezansi.

ISIQESHANA J

IZIBONGO: 'IZIBONGO ZENKOSI U-DKT. SIBONGILE ZUNGU'

1	Injini kagandaganda omanxakanxaka
2	Oth' ushayiswa umuhluzwa
3	Kwafana nokuthela amanz' edadeni;
4	Igiya eliya phambili liyangena
5	Eliy' emuva alingeni.
6	Ugandaganda omagiy' aya phambili,
7	Ugandaganda ongayi emuva.
8	Isihlahl' esigabe ngezithel' ezimnandi
9	Inguduza edukuze efwini kwakhanya
10	Yakhomba indlela kwabona nemvukuzane.
11	Zachwensa izichwensi zokuchwensa
12	Badelel'abazazi bona,
13	Wagwiny' amathe, uDokotela,
14	Wakhwehlela kanye, zehla izihlathi.
15	UDokotel' odokotela isizwe ngemfudumalo
16	Abanye bedokotela ngezinsungulo,
17	UDokotel' odokotel' isizwe ngentuthuko
18	Abanye bedokotela ngezibuko.
19	Isizwe sonke siwuzwile umjovo
20	Usijove ngomjovo wothando,
21	Wasijova ngomjovo wentokozo,
22	Abangaphilanga yilab'asebeyoxakwa ngobisi.
23	Awukho umjovo wabangaphilanga ngekhanda.
24	Umfazi omabelemade,
25	Umbele ugwansile;
26	Nonganeno komful' uyancela,
27	Nongaphesheya komful' uyanela.
28	Ungalifun' ukhala nalu' emlonyeni,
29	Omuny' ulidukluza ngezibhakela,
30	Omuny' aliklwebhe ngezinzipho
31	Eth' ujezis' unina
32	Kant' uzilambisa yena.
33	Inkunzi kayihlehli
34	Engafani nopikiliyeza,
35	Ngob' oncinde kuy' akafi,
36	Isigqobhela esigcine ugwayi wesizwe,
37	Abantongela kuso babheme bakholwe,
38	Ngiyafis' ukwazi ngentelezi abakuchela ngayo,
39	Nezibib' abakubhemisa zona.

13.7 Tomula i-enjambamenti etholakala ebinzeni loku-1 egqamisa ukuthi uDokotela Zungu ungumuntu ophikelelayo. (2)

13.8 Nikeza okungumehluko oqukethwe umqondo womsebenzi kaDokotela uZungu okutholakala ebinzeni lesi-2 kanye nasebinzeni lesi-4. (2)

13.9 Humusha inhloso yembongi yokusebenzisa amasu omsindo oyifanangwaqa emgqeni we-11. (2)

13.10 Ucabanga ukuthi kungani imbongi isebenzise ukuxhumana siqalo ebinzeni lesi-3. (2)

13.11 Ngokwakho ukubona imbongi ifanele yini ukungathekisa u-Dkt.Zungu nesigqobhela? Sekela impendulo yakho. (2)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 25

ISIQEPHU C: UMDLALO

Phendula umbuzo OWODWA ngencwadi oyifundile.

UMBUZO 14 (UMBUZO OMUDE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

Hlaziya ngokuhlolisisa impumelelo yombhali ekugqamiseni udweshu kulo mdlalo othi, *Kudela Owaziyo*.

Impendulo nyakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza izinhlobo zodweshu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekugqamiseni udweshu olukhulisa umdlalo, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngodweshu lomdlalo. **[25]**

UMBUZO 15 (UMBUZO OMFUSHANE)

KUDELA OWAZIYO – BP Maphumulo

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA K

(Erenki yezimoto zaseSamungu ngakwaSiqumbe eMandeni, uChivenga umi nentokazi yimbe ebizo layo nguHlengiwe ngaphansi kompheme)

CHIVENGA:	*(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu, uyakhuzela)* Dudlu ntombi sidudla siyangidudula! Nongenankomo uyayidla inyama kanti nongenabhasikidi uyaya emakethe. Ngilala embhedeni kuyangibhedela, ngibesathe ngilala ecansini lingicasukele, ngithi lapho sengilala esikhunjeni singikhumbuze wena ntokazi. Khona ngizothi ngiyakwazi ngoba angisaqali neze ukukubona kule ndawo, kodwa sengikhohlwe wukuthi ungubani ongowakwabani.
HLENGIWE:	*(ambuke sakuthiyizela lo muntu)* Hhayi suka! Musa ukuhubhuza amanga lapha wena. Awungazi wena bo. Nami futhi ngokunjalo angikwazi. Siqalana khona nje lapha ukwazana futhi sizogcinana khona lapha, ngakho-ke musa ukungidlalela ukuhlakanipha okufishane lapha wena kwerekwere okungangendlela eya endlini yangasese. Ngisaphinda futhi ngithi ubholoza aluhlaza cwe amanga uma ngabe uthi uyangazi.
CHIVENGA:	*(usikhuluma ubukwerekwere isiZulu)* Uyazi ukuthini? *Ek is baie mnca vir jou* ntokazi. Ngincanywa ngibuya eBhayi nguwena, yingakho nje ngicela ukukwazi. Njengoba nami futhi ngisazozichaza lapha kuwe.

HLENGIWE:	*(umbuka sakumchizela)* Akubalulekile ukuba ungazi ukuthi ngingubani njengoba nami futhi ngokunjalo ngingasiboni nesincane nje isidingo sokuba ngazi ukuthi ungubani. Futhi-ke awusilo neze ikilasi lami wena. Yehlukana nawo wonke lowo msangano wakho futhi ngoba uma lingase likuzwe isoka lami engisalilindile lapha ulokhu ungifundekela ngala mazwana akho, ngiqinisile kangidlali futhi uma ngabe ngithi lizokwehlukanisa imihlathi ngomkhalambazo ndodamphini. (*Kuwo lowo mnyamana kubonakale umlisa mumbe esehambela phezulu eqonde ngqo kulo mpheme okumi uChivenga noHlengiwe ngaphansi kwawo.)*

15.1 Yikuphi OKUBILI okushiwo umlingiswa onguHlengiwe okutholakala kulesi siqeshana okukhombisa ukuthi umbukela phansi umlingiswa onguChivenga? (2)

15.2 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu kulesi siqeshana. (3)

15.3 Iyini inhloso yombhali ngokusebenzisa amazwi adwetshelwe kulesi siqeshana? (2)

15.4 Wawungaba njani umphumela wesenzo sikaHeshane sokushadisa abantu bokufika nabantu bakuleli ngokungemthetho ukuba akabanjwanga? Sekela impendulo yakho. (3)

15.5 Phawula ngempumelelo yombhali yokwethula isingeniso salo mdlalo. (3)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA L

(Ekuseni emzini kaMbhebhezli, akusikhathi nesingakanani uMdaluli efikile ukuzofakana umlomo odabeni oluthile noMbhebhezeli. Umfica ezibusisa ngomhozo. Athi angawathatha amathamo awadingayo maqedane aluthathe udiyo alwedlulisele kuMdaluli, nakuye futhi kube yiso leso.)

MBHEBHEZELI:	Sehlukane izolo ekuseni usayolanda amathuluzi akho ntanga uzohamba nawo ulibangise emzini wakwaNtenga eMangethe lapho obuyokwakhela khona umlisa mumbe indlu obizo lakhe nguSaziwayo. Tshela mina-ke, ngabe uwuqalile nje umsebenzi? Uma kunjalo, kube khona nje ukuvumelana maqondana nenkokhelo okumele ingene kwelakho iphakethe?
MDALULI:	Uyazi ukuthini mngane? Ukuba bengikwazi ukuzenzela bengizokunqinda ngemfingo ngomabopha nangobulibazi mina ukuze ukhohlwe nya ukungibuza lo mbuzo ongibuza wona njengamanje ngenxa yokuthi ufana ncamashi nesihhudli esingithunuka amanxeba. Akusekhona ukuphoxeka kanye nokudumala lokhu engibuye nakho emzini walo muntu ongibuza ngaye ... *(aphazamiseke)*

MBHEBHEZELI: *(amenqakele phezulu)* Ngiphuthume ntanga yethu kanti kwenzekeni?

MDALULI: Ithemba kalibulali mngane, ukuba liyabulala ngabe ngifele khona emzini kaSaziwayo lapho. Bheka ngoba bengilale ngosuku lwakuthangi sesifonelene savumelana ngakho konke njengokuthi nje mangifike ngisheshe ngiqale ukwakha, savumelana nangepulani yendlu engizoyakha ukuthi yinhle uma inomumo wendlu kaMcebisi waseDokodweni kanye nangenkokhelo ukuthi izoba ngeyamalini. Ngithe ngifika nje ngosuku lolo ebengizowuqala ngalo umsebenzi, ngafana nomuntu osesindwe zinyawo. Wuzwani wena sengifikela ezinyaweni zomlisa mumbe oyikwerekwere naye ongumeselandi obese ebiziwe ukuzokwakha? Ngifice esewuqephulile umhlabathi le nto eyisicefe kangangoba bese usesimweni sokuba asiqalele kuleso siza isisekelo sendlu eyakhiwayo ...

15.6 Gagula isigameko esaphoxa uMdaluli ngenkathi efika kwaSaziwayo. (2)

15.7 Ngemuva kokufunda lesi siqeshana kanye nokwashiwo nguMbhebhezeli kuChivenga ngenkathi eyombona esibhedlela, yimuphi umyalezo odluliswa umbhali ngobungani phakathi kukaMdaluli noMbhebhezeli? (3)

15.8 Ucabanga ukuthi kungaba yini isixazululo sodweshu phakathi kwabantu bakuleli nabokufika? Bhekisa impendulo yakho kumlingiswa onguChivenga. (3)

15.9 Ngokomyalezo wokuzokwenzeka enkundleni yokudlalela,humusha imbangela yokufika kukaMdaluli ekuseni emzini kaMbhebhezeli. (2)

15.10 Ngokwakho ukubona bekufanele yini umbhali ukuba asethulele ibohlololo kulo mdlalo? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (2)
[25]

UMBUZO 16 (UMBUZO OMUDE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Hlaziya ngokuhlolisisa impumelelo yombhali ekugqamiseni udweshu kulo mdlalo othi, *Awuwelwa uMngeni*.

Impendulo nyakho mayibe ubude obuphakathi kwamagama angama-340 kuya kwangama-390. Ulindeleke ukuba uphendule lo mbuzo njenge-eseyi.

Impendulo mayibhekiswe kula maphuzu alandelayo:

- Ukwethula nokuchaza izinhlobo zodweshu.
- Ukuphendula umbuzo ngokuphawula ngempumelelo yombhali ekugqamiseni udweshu olukhulisa umdlalo, ukucaphuna nokwesekela ngokwencwadi.
- Ukuveza uvo lwakho ngodweshu lomdlalo. **[25]**

UMBUZO 17 (UMBUZO OMFUSHANE)

***AWUWELWA UMNGENI* – M Gcumisa**

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA M

NGOZA:	(*abe manqikanqika. Aphefumulele phezulu.*) Khona kuyikho lokhu okushiwo yinkosi yami uMbusi wesifundazwe. Impela kunjengoba isho nje. *(Athule. Ebe uSalimani abese eba uSomtsewu.)*
SOMTSEWU:	*(ukhuluma ubhekise kuNongejeni. Uthanda ukufudumala.)*
NONGEJENI:	*(etolika)* Khuluma into ezwakalayo Ngoza uchaze imingcele yezwe likaSalimani. Kwakungezwe lakho yini leliya?
NGOZA:	*(ajejemuze uSalimani.)* Umngcele umfula uMngeni Nkosi wawuthi awuhambe khona lapha usuhamba khona manje.
ZITHULELE:	Khuluma into ezwakalayo Ngoza! Umfula uMngeni ongumngcele phakathi kukaSalimani namapulazi onkosana wawuthi awuhambe lapha la uhamba khona noma wawuhamba khona?
SOMTSEWU:	*(usegcwalene. Ubheka uNgoza akasathi cwayi.)*
NGOZA:	*(ebe uSomtsewu.)* Uhamba lapho wawuhamba khona Nkosi. Ubuyela endaweni yawo.
SOMTSEWU:	*(ukhuluma ubhekise kuNongejeni.)*
NONGEJENI:	*(etolika)* Uyezwa-ke Salimani? Le ndawo wena okhuluma ngayo obasi sebeyayifuna ukuba ibuyele kubona. Ngokomlando ayikaze ibe ngeyakho.
SALIMANI:	Akunjalo. UNgoza akangasengi ezimithayo lapha.
SOMTSEWU:	*(ukhuluma ubhekise kuNongejeni.)*

NONGEJENI:	*(etolika)* Ungasho kanjani ukuthi akunjalo wawungakabibikho wena kule ndawo? Unabufakazi buni bokuthi akushoyo uNgoza akakhulumi lona iqiniso? Wena ukhuluma lona njengona usukhuluma ngokusenga ezimithiyo nje.
SALIMANI:	Nangu nje uMcondo kababa owayekhona (*ekhomba)*, uyakuphika lokho. Akanikwe ithuba aphefumule. Nabafowethu nampa bayakweshwama lokhu.
SOMTSEWU:	*(ukhuluma ubhekise kuNongejeni.)*

17.1 Yibaphi abalingiswa ABABILI abamele uHulumeni kulesi siqeshana? (2)

17.2 Chaza kafushane ngesisusa sodweshu kulesi siqeshana. (2)

17.3 Iyini inhloso yombhali ngokusebenzisa amazwi enkulumo kaNgoza kulesi siqeshana? (3)

17.4 Wawungaba njani umphumela wesinqumo sejaji sokukhipha inkosi uSalimani phambili ecaleni? Bhekisa impendulo yakho esimeni senhlalo ngokwalo mdlalo. (3)

17.5 Phawula ngempumelelo yombhali ekwethuleni isingeniso kulo mdlalo. (2)

KANYE

Fundisisa lesi siqeshana somdlalo bese uphendula imibuzo elandelayo.

ISIQESHANA N

GUNDANE:	Ukuba izwe lethu leli aselaphathwa yimithetho yabelungu wena Mphiliphili ubufanele ukujojwa, noma okukanye ugqinyuzwe ngewisa udliwe yizinyoni zezulu. Uthule namanyala ozungu olungaka?
SALIMANI:	Kahle mfowethu*. (Ukhuza uGundane)* Ngokuthukusa kwakho yonke le nto efuna ukusobozela umbuso wami nezwe likababa uyabona yini manje ukuthi usesiphosisweni esikhulu?
MPHILIPHILI:	Ngibona kahle wena kaMashwilansimbi. Yingakho nje ngithi angizidele amathambo ngikhiphe yonke ingonyuluka.
ABAFOWABO:	*(bayaphangelana bafuna ukuzitika ngemilomo kuye uMphiliphili)*
SALIMANI:	*(uyabakhuza)* Uma usiyikhiphile? *(Ebhekisa kuMphiliphili)* Uma usuyikhiphile ingonyuluka?
MPHILIPHILI:	Ngizithayizele eNkosini yami ngemukele noma hlobo luni lwesigwebo engakhetha ukuba inginike sona.
SIKHOVA:	Uyazi ukuthi wena Mphiliphili uyinhloli? Uhlolela abezizwe.

SALIMANI:	Kahleni!
NODWENGU:	Uyazi ukuthi lingakafi izwe inhloli yayihlawula ngani kwaZulu?
SALIMANI:	*(akhuze futhi).* Angithi usazimisele ukuqhubeka nomsebenzi wakho wobunhloli?
MPHILIPHILI:	Phinde Ngwazi. Noma izingane zami sezingalamba kuze kukhale opopopo akuselutho.
BONKE:	*(bahlekele phansi)*
SALIMANI:	Ngalesi senzo sakho ngikuhlawulisa izinkabi ezintathu.
NOMEHLO:	Hhayi ezinhlanu Nowelamuva wawo Somtsewu?
SALIMANI:	Lezo nkomo-ke ngifuna zilale lapha kusasa lokhu okusayo. Ngifuna zingene emhlambini oyohlatshelwa imbizo kusasa. Kuke kwezwakala nje umoyana wokuxhumana kwakho nalaba abakhokhobela izwe likaBaba nango wena nampa abantu bami ofuna ukubadayisa. *(Emgqolozela engasathi cwayi)*
MPHILIPHILI:	*(Wayiphendula eyiphendulile imilenze ehlala phezu kwalona abuye ahlale phezu kwalona. Wayesezishobingele waze wamanzi te.*) Ngwazi! elokufa alitsheli.

17.6 Gagula izijeziso EZIMBILI ezashiwo umlingiswa uGundane mayelana nesenzo sikaMphiliphili. (2)

17.7 Ngemuva kokufunda lesi siqeshana kanye naleso sokuhlawuliswa kukaSalimani eMshwathi, yimuphi umyalezo odluliswa umbhali ngobulungiswa kulo mdlalo? (3)

17.8 Ucabanga ukuthi kwakungaba yisiphi isixazululo sokunqandwa kodweshu phakathi kwabantu bakaMgqabuli nabantu bakaSalimani. Nikeza amaphuzu AMATHATHU. (3)

17.9 Ngokomyalezo wamagama akubakaki *'bayaphangelana bafuna ukuzitika ngemilomo kuye uMphiliphili'*, humusha isenzo sabafowabo bakaSalimani esikulesi siqeshana. (2)

17.10 Ngokwakho ukubona ngabe umbhali usethule kahle isiphetho salo mdlalo? Nikeza isizathu sempendulo yakho. (3)
[25]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 25
AMAMAKI ESEWONKE: 80